



**UNGGONGQOSHE**  
wezoLimo KwaZulu-  
Natal, uMnuz Super  
Zuma, nenhloko  
yomnyango entsha,  
uMnuz Zibusiso Dlamini  
Isithombe: SITHUNYELWE

## Kuqokwe inhloko entsha kwezoLimo

**PHILI MJOLI**

**KUQOKWE** inhloko  
entsha eMnyangweni  
wezoLimo KwaZulu-  
Natal.

UMnuz Zibusiso  
Dlamini, obebambe  
kulesi sikhundla  
nyakenye noqale kuso  
ngokusemthethweni  
kule nyanga,  
ubencelisa amawele  
eyiphini lomqondisi  
ekuthuthukisweni  
kwezoLimo.

UNgqongqoshe  
wezoLimo, uMnuz  
Super Zuma, emukela  
uDlamini esikhundleni  
sakhe esisha izolo,  
uthe: "Umnyango  
uyakujabulela  
ukwamukela inhloko  
yomnyango entsha.  
UDlamini akayena  
umafikizolo kulo  
mnyango njengoba  
ebeyiphini lomqondisi  
jikelele ophikweni  
lokuthuthukiswa  
kwezoLimo. Uqale  
umsebenzi wakhe kulo  
mnyango ewumeluleki  
wezoLimo. Wasebenza  
emazingeni ehlukene  
okuphatha kulo  
mnyango. Ukuqokwa  
kwakhe sikubona  
kuyinkomba yokuthi  
kunabantu abaningi  
abanamakhono  
abangaphakathi  
kulo mnyango.  
Sizibophezele  
ukusebenzisana kahle  
nenhloko yomnyango  
ukuze siyinikeze lonke  
usizo oludingekayo  
ukuze siqinisekise  
ukuthi iyaphumelela  
kulo msebenzi  
ewenzayo."

Ephawula  
ngokuqokwa kwakhe  
uDlamini uthe:  
"Ngithobekile ngokuthi  
ubuholi buyakholelwa  
ekutheni ngizokwazi  
ukuhola lo mnyango  
ukuze kuthuthukiswe  
ukukhula  
komsebenzi wezoLimo  
nokuthuthukiswa  
kwemiphakathi  
yasemakhaya," kusho  
uDlamini.

Uthe uzogxila  
kakhulu  
emiphakathini  
esengcupheni  
yokubulawa yindlala  
uma zingaqiniswa  
izinhlelo zokuthi le  
miphakathi ikwazi  
ukuzikhiqizela ukudla.  
Uthe uzophinde  
enze isiqiniseko  
sokuthi imiphakathi  
ibamba iqhaza  
ekuthuthukisweni  
kwezomnotho.